

## Celebrating World Book Day

**Books are powerful and World Book Day on 23 April is a celebration of this!**

It's a celebration of authors, illustrators, books and (most importantly) it's a celebration of reading. In fact, it's the biggest celebration of its kind. Created by UNESCO nineteen years ago, World Book Day is a worldwide celebration of books and reading and is observed in over 100 countries on different dates in the year and in different ways.

In some places in the United States of America, it is celebrated by having a big street festival. In the United Kingdom, publishers and booksellers get together to give away book tokens to all children at preschools and schools. The children can then take their token to their local bookshop and exchange it for a free book. And, World Book Day is celebrated in Spain by having a two-day long reading marathon every year!

In South Africa, World Book Day is a partnership between everyone who is passionate about getting children to love books and reading – authors, illustrators, publishers, literacy organisations, parents and other caregivers, teachers and librarians. We can all use this opportunity to make everyone more aware of how reading can be a satisfying and enjoyable activity – and of course, to invest in our children's literacy. (For ideas on how you can do this, see page 3.)

## Ukugubha Usuku Lomhlaba Wonke Lwencwadi



**Zinamandla izincwadi kanti-ke Usuku Lomhlaba Wonke Lwencwadi ngomhla wama-23 kuMbaso lwumgubho walokhu!**

Kugujelwa ababhali, abadwebi bemifanekiso, izincwadi kanye (ikakhulukazi) nomgubho wokufunda uqobo. Empeleni, ngumgubho odlula yonke eyohlobo lwawo. Njengoba kwasungulwa ngu-UNESCO eminyakeni eyishumi nesishiyagalolunye eyedlule, Usuku Lomhlaba Wonke Lwencwadi lwumgubho wasemhlabeni wonke wezincwadi nokufunda, futhi lugujwa emazweni evile kwayi-100 onyakeni ngezinsuku nezindlela ezahlukene.

Kwezinye izindawo eMelika, lugujwa ngokuba nomkhosi omkhulu emgwaqweni. E-United Kingdom, abashicileli kanye nabathengisa izincwadi bayahlangana bese benikezela ngamathokheni ezincwadi kuzo zonke izingane zasezinkulisa nasezikoleni. Izingane zingathatha amathokheni zwayise esitolo esithengisa izincwadi sendawo, ziwethule khona ukuze zithole izincwadi zamahhala. Kanti, Usuku Lomhlaba Wonke Lwencwadi lugujwa eSpain ngokuba nochungechunge lokufunda izincwadi oluthatha izinsuku ezimbili minyaka yonke!

ENingizimu Afrika, Usuku Lomhlaba Wonke Lwencwadi lwenziwa ngokubambisana nawo wonke umuntu onentshisekelo ngokwenza izingane ukuthi zithande izincwadi nokufunda – ababhali, abadwebi bemifanekiso, abashicileli, izinhlangano

But World Book Day is not the only time we should turn our attention to reading with children. Young or old, children love to be read to. And although it's not always easy to fit reading time into our busy daily lives, just fifteen minutes of reading with a child each day, makes a huge difference and will help them fall in love with reading, grow their vocabulary, and it will also spark their imagination.

Books can shape the way we think and feel. They inspire us, and allow us to dream and to imagine. Books help people to share what they know and understand with people they have never met. They offer us the opportunity to understand our own experience of the world by reading about the life experiences of others. Books have the power to change our lives!

ezikhuthaza ukwazi ukufunda nokubhala, abazali kanye nabanye abanakekela izingane, othisha kanye nabasebenzi basemitatsheni yezincwadi. Sonke singasebenzisa leli thuba ukuze sazise kabanzi wonke umuntu ngokuthi ukufunda kungaba ngumsebenzi owenelisayo futhi othokozelekayo – kanti-ke, ukuze sitshale okuthile ekwazini ukufunda nokubhala kwezingane zethu. (Ukuze uthole amacebo okuthi ungakwenza kanjani lokhu, bheka ikhasi lesi-3.)

Kodwa Usuku Lomhlaba Wonke Lwencwadi akusona kuphela isikhathi okumele sizinike ngaso ithuba lokufunda nezingane zethu. Noma zincane noma zindala, izingane ziyathanda ukufundelwa. Kanti-ke noma kungelula njalo ukufaka isikhathi sokufunda ezimpilweni zethu zansuku zonke ezimatasatasa, ukufunda nengane imizuzu eyishumi nanhlanu nje nsuku zonke, kwenza umehluko omkhulu, futhi kuzozenza ukuthi zikuthande ukufunda, kuhuthukise amagama eziwaziyo, futhi lokho kuzokokhela ukwazi ukusebenzisa imicabango kwazo.

Izincwadi zingabumba indlela esicabanga nesizwa ngayo. Zisikhuthaza ukuthi siphuphe izinto, futhi sisebenzise nemicabango yethu. Izincwadi zisiza abantu ukuthi babelane ngalokho abakwaziyo nabakuqondayo nabantu abangakaze bahlangane nabo. Zisinikeza ithuba lokuqonda lokho okwenzeke ezimpilweni zethu ngokuphathelele nomhlaba wethu ngokufunda ngalokho okwenzeke ezimpilweni zabanye abantu. Izincwadi zinamandla okuguqula izimpilo zethu!



Drive your  
imagination

Story Power.  
Bring it home.  
Walethe ekhaya amandla endaba.





## Nal'ibali news

**The children at Nal'ibali's Grow Smart Reading Club in Philippi had a special treat on Saturday, 6 February 2016. They were visited by world famous children's author, Julia Donaldson!**

Julia Donaldson is the prize-winning author of some of the world's best-loved children's books, like *The Gruffalo* and *What the Ladybird Heard*. She lives in the United Kingdom but was in South Africa on a book tour to talk to adults and children about her work – and, of course, to read to them!

Julia began her visit at Grow Smart Reading Club by joining in with the club's songs and games. Then she read her first storybook, *A Squash and a Squeeze*, to the children while her husband, musician Malcolm Donaldson, played along on his guitar! Julia explained to the children how this book had started out as a song and then she had developed it into a story. Afterwards Julia and the children had great fun acting out the story together.

"This morning has been one of the most amazing and memorable experiences of any book tour I have been on. It was so valuable to see what the children do at the Nal'ibali reading clubs and to not only share my stories, but to join in with their songs and games too. The children were wonderful!" said Julia.

When it was time for Julia to leave, the club was given a donation of different books written by Julia, and the children were left with many happy memories of books and reading!

## Izindaba zakwaNal'ibali

**Izingane zasethimbeni lakwaNal'ibali iGrow Smart Reading Club ePhilippi zenzelwe okukhethekile ngoMgqibelo, mhla ziye-6 kuNhlolanja wezi-2016. Zazivakashelwe umbhali wezincwadi zezingane odume umhlaba wonke, uJulia Donaldson!**

UJulia Donaldson ungumbhali owine imiklomo obhale ezinye zezincwadi ezithandwa kakhulu yizingane emhlabeni wonke, ezifana nethi *The Gruffalo* ne-*What the Ladybird Heard*. Uhlala e-United Kingdom kodwa ubeze eNingizimu Afrika ohambweni lokuxoxa nabantu abadala kanye nezingane ngomsebenzi wakhe – kanye nakho phela ukuzifundela!

UJulia uqale ukvakasha kwakhe ngokuya eGrow Smart Reading Club ukuyohlanganyela emaculweni nasemidlalweni yethimba. Wase efundela izingane incwadi yakhe yezindaba yokuqala ethi, *A Squash and a Squeeze*, kanti umyeni wakhe, umculi onguMalcolm Donaldson, wamesekela ngokudlala isiginci! UJulia wachazela izingane ukuthi le ncwadi yayiqale kanjani njengeculo wase eyithuthukisa eyenza indaba. Ngemva kwalokho uJulia nezingane bazithokozisa kakhulu ngokulingisa indaba bendawonye.

"Lesi sikhathi sasekuseni sesibe ngesinye sezimangaza kakhulu nengengeke ngizikhohlwe ekvakasheni kwami okuphathelele nezincwadi. Kungcebise kakhulu ukubona lokho okwenziwa yizingane kumathimba okufunda akwaNal'ibali futhi nokungabelani kuphela ngezindaba zami, kodwa nokuhlanganyela emaculweni kanye nasemidlalweni. Izingane bezimangalisa!" kusho uJulia.

Lapho sekuyisikhathi sokuthi uJulia ahambe, ithimba lalinikezwe umnikelo wezincwadi ezahlukene ezibhalwe nguJulia, kanti izingane zasala zinezinkumbulo eziningi ezimnandi zezincwadi kanye nokufunda!

Valentina Nicol



Author, Julia Donaldson introducing her book.

Umbhali, uJulia Donaldson wethula incwadi yakhe.

Valentina Nicol



Julia getting some help with reading the story.

UJulia usizwa ekufundeni indaba.

Valentina Nicol



Julia and the children retell the story by acting it out.

UJulia nezingane baxoxa kabusha indaba ngokuyilingisa.


"Sharing stories with a child can bring you closer together. It helps you understand your child and it helps them understand you."  
Julia Donaldson

"Ukwabelana ngezindaba nengane kunganisondeza ndawonye. Kukusiza ukuthi uqonde ingane yakho futhi nayo kuyisiza ukuthi ikuqonde."  
UJulia Donaldson



Drive your imagination

# Ways to celebrate World Book Day



Here are four ideas for World Book Day – and beyond!

1. On 23 April, turn off the computer, TV and radio for the day and spend the time telling stories and reading books, and talking about them with friends and family.
2. Have a book quiz at home or in your classroom or library. Write your own set of questions about books. The questions could be general ones like, "What do we call the person who writes a book?" (An author) and "Where will you find the title of a book?" (On the front cover and first page, and on the spine of the book, if there is one.). You could also have specific questions that relate to books you have all read. (You could use the stories in this supplement or past Na'ibali Supplements for this.) Let everyone write down their answers to the questions and see how many are correct!
3. Encourage your children to copy out a sentence or paragraph from their favourite book and then draw a picture to go with it. Remind them to write the name of the book and the author too. Display your children's creations on the fridge, or on a wall in your home, classroom, library or at your reading club.
4. Encourage children to offer their opinions about what they read by creating review cards. Write the title of the book and its author at the top of a piece of cardboard. Under this, draw three columns like this:

Your name	Your age	😊😊😊😊


Use sticky tape or Prestik to stick the review card to the inside cover of the books in your classroom, reading club or library. Encourage the children to complete the cards each time they read a book by writing their name and age, and drawing one or more smiley faces to show how much they enjoyed the book. Remind the children that when they pick up a book they have not read before, they can look at its review card to see how much other children enjoyed it!

1. Mhla zingama-23 kuMbaso, cima ikhompuyutha, umabonakude kanye nomsakazo ngalolo suku bese uchitha isikhathi uxoxa izindaba, ufunda izincwadi, futhi uxoxa ngakho nabangani kanye nomndeni.
2. Yiba nemibuzwana ephicayo (quiz) ngezincwadi ekhaya noma egumbini lakho lokufundela noma emtatsheni wakho wezincwadi. Bhala olwakho uhlu lwemibuzo ngezincwadi. Imibuzo ingaba ngejwayelekile nje, efana nokuthi, "Simbiza ngokuthini umuntu obhala incwadi?" (Umbhali) nokuthi "Ngabe usithola kuphi isihloko sencwadi?" (Ekhaveni engaphambili kwencwadi nasekhasini lokuqala, kanye nasemgogodleni wencwadi, uma inawo.). Kungenzeka nibe nemibuzo eqondene ngqo nezincwadi enizifunde nonke. (Ungasebenzisa izindaba ezikulesi sithasiselo noma zaseZithasiselweni ezedlule zakwaNa'ibali ukuze wenze lokhu.) Vumela bonke abantu ukuthi babhale izimpendulo zabo zemibuzo bese nibheka ukuthi zingaki ezishaya emhloleni!
3. Khuthaza izingane zakho ukuthi zibhale umusho noma isigaba njengokuba kubhalwe encwadini yazo eziyithandayo bese zidweba isithombe esizohambisana nalokho. Zikhumbuze ukuthi zibhale igama lencwadi kanye nombhali. Phanyeka umsebenzi wobuciko wezingane zakho efrijini, noma odongeni lwekhaya lakho, egumbini lokufundela, emtatsheni wezincwadi noma ethimbeni lakho lokufunda.
4. Khuthaza izingane ukuthi zibeke imibono yazo ngalokho ezikufundayo ngokwenza amakhadi okuhlaziya. Bhala isihloko sencwadi kanye nombhali wayo phezu kwesiqephu sekhaliibhothi. Ngaphansi kwalokhu, dweba izinhlu ezintathu kanje:

Igama lakho	Iminyaka yakho	😊😊😊😊

Sebenzisa iithephu yokunamathisela noma iPrestiki ukuze unamathisele ikhadi lokuhlaziya ngaphakathi kwekhaya yezincwadi ezisegumbini lakho lokufundela, ezisethimbeni lakho lokufunda noma emtatsheni wakho wezincwadi. Khuthaza izingane ukuthi zigcwalise amakhadi njalo nje uma zifunda incwadi ngokubhala igama kanye neminyaka yazo, kanye nokudweba ubuso obumamathekayo obubodwa noma ngaphezulu kwalokho ukuze zikhombise ukuthi ziyithokozele kangakanani incwadi. Khumbuze izingane ukuthi uma zithatha incwadi ezingakaze ziyifunde phambilini, zingabheka ikhadi layo lokuhlaziya ukuze zibone ukuthi ezinye izingane ziyithande kangakanani!

## The Na'ibali bookshelf



Julia Donaldson is best known for her picture books, but she also writes fiction, poems, plays and songs, and her brilliant live children's shows are always in demand. Her best-known book is *The Gruffalo*, which has sold over 14 million copies worldwide and has been translated into seventy languages.

In South Africa, all of Julia's books are available in English and a few of them have been translated into Afrikaans, and one has been translated into isiXhosa. (The isiZulu translation of *The Gruffalo* will be available later in 2016!)

For more information about this magical storyteller and her books, go to [www.juliadonaldson.co.uk](http://www.juliadonaldson.co.uk). Here are some of her books that you might enjoy:

- The Gruffalo* (Macmillan)
- The Gruffalo's Child* (Macmillan)
- Room on the Broom* (Macmillan)
- A Squash and a Squeeze* (Macmillan)
- Stick Man* (Scholastic)
- What the Ladybird Heard* (Macmillan)



## Ishalofu lezincwadi likaNa'ibali

UJulia Donaldson waziwa kakhulu ngezincwadi zakhe ezinezithombe, kodwa uyazibhala nezindaba ezingewona amaqiniso, izinkondlo, imidlalo yeshashalazi kanye namaculo, kanti ihlale ifunwa imibukiso yakhe ehlabahlosile yezingane ezidlala phambi kwabantu. Incwadi yakhe eyaziwa kakhulu ithi *The Gruffalo*, eyathengisa amakhophi angaphezu kwezigidi eziyi-14 emhlabeni wonke futhi seyihunyushelwe ezilimini ezingamashumi ayisikhombisa.

ENingizimu Afrika, zonke izincwadi zikaJulia zitholakala ngesiNgisi, kanti ezimbalwa zazo zihunyushelwe esiBhunwini, eyodwa ihunyushelwe esiXhoseni. (Isihumusho sesiZulu se-*The Gruffalo* sizotholakala makhathaleni kowezi-2016!)

Ukuze uthole kabanzi ngalo mxoxi wezindaba oyisimanga kanye nezincwadi zakhe, yana ku-[www.juliadonaldson.co.uk](http://www.juliadonaldson.co.uk). Nazi ezinye zezincwadi zakhe okungenzeka uzithokozele:

- The Gruffalo* (Macmillan)
- The Gruffalo's Child* (Macmillan)
- Room on the Broom* (Macmillan)
- A Squash and a Squeeze* (Macmillan)
- Stick Man* (Scholastic)
- What the Ladybird Heard* (Macmillan)





## Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep books, *Searching for the spirit of spring*, (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12) and *Bugs* (pages 9 and 10) as well as the Story Corner story, *Koketso's favourite jersey* (page 14). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.

### Searching for the spirit of spring

In this story, Nkanyezi can't wait for the Spring festival, but the people of her village have lost their spirit of celebration. So, she goes in search of the things that are essential ingredients for any celebration. This story can be read to children of different ages, but children older than three years are more likely to enjoy it.



- ★ After you have read the story aloud, try discussing some of these questions with your children.
  - ☀ Do you think Nkanyezi was brave to go in search of the spirit of celebration? How would you have felt?
  - ☀ How might the story have been different if she hadn't gone on that journey?
  - ☀ Why do you think she went on her own?
- ★ Let your children remember celebrations that they have enjoyed. Encourage them to draw a picture of one of these celebrations and then to write a few sentences or paragraphs to go with their pictures. (Help younger children with their writing by letting them tell you what they would like to write, and then writing it for them. Always read what you have written back to them so they can tell you whether it is what they wanted!)

### Bugs

This little book introduces very young children to different bugs. You can also use it with older children by letting them read it in their mother-tongue first and then in the other language of the supplement. They can also read it to younger children who they know.



- ★ As you read the book together:
  - ☀ talk about the colours of the different bugs.
  - ☀ let your children use their fingers to imitate the way the different bugs move.
  - ☀ talk about the sounds the different bugs make.
  - ☀ let them find and name each of the bugs on pages 6-7.
- ★ Let your children use different scrap materials (like bottle tops, egg cartons, pieces of fabric, wool) and paint, paper and glue to make one of the bugs in the book. (Remember that it doesn't have to look exactly like the animals in the book – encourage your children to use their imaginations!)

### Koketso's favourite jersey

In this story, Koketso's beautiful jersey shrinks in the wash and so it is much too small for her. She feels sad until old Uncle Koos has a good idea and Koketso finds that her shrunken jersey can still be useful. This is a good story for reading aloud or retelling.



- ★ Add in some sound effects and actions as you read or tell the story. For example, the sound of the wind blowing, and Koketso wrapping her arms around herself and then jumping up and down to keep warm.
- ★ Ask your children to mime Granny doing the washing in the first three paragraphs of the story while someone reads the words slowly.
- ★ Encourage your children to draw a picture showing Koketso having breakfast after the story has ended, or a picture of their favourite part of the story. Suggest that they add a speech bubble for each character in their picture and they can then write the words that the characters are saying.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nansi eminye imiqondo yokusebenzisa izincwadi ezimbili ezisikwa zikhishwe zigcinwe, ethi, *Ukuthungatha umoya wentwasahlobo* (emakhasini 5, 6, 7, 8, 11, nele-12), nethi *Izinambuzane* (ikhasi lesi-9 nele-10), kanye nendaba esekhweni lezindaba, ethi *Ijezi likaKoketso alithanda kakhulu* (ikhasi le-15). Khetha imiqondo ehambisana kahle nobudala bezingane zakho nalokho ezikuthandayo.

### Ukuthungatha umoya wentwasahlobo

Kule ndaba, uNkanyezi ulangazelela ukuba kube ngumkhosi weNtwasahlobo, kodwa abantu basemzini wakubo balahlekelwe umoya wokugubha okuthile. Ngakho-ke, uhamba ethungatha zonke izithako ezisemqoka zanoma imuphi umgubho. Le ndaba ingafundelwa izingane ezineminyaka eyehlukene, kodwa abangase bayithokozele kakhulu yizingane ezingaphezu kweminyaka emithathu ubudala.

- ★ Ngemva kokufunda indaba kakhulu, zama ukuxoxa ngeminye yale mibuzo nezingane zakho.
  - ☀ Ngabe ucabanga ukuthi uNkanyezi wayenesibindi ngokuyothungatha umoya wokugubha okuthile? Ngabe wena ubungazizwa kanjani?
  - ☀ Ngabe indaba ibizokwehluka kanjani ukuba ubengazange aluthathe lolo hambo?
  - ☀ Ucabanga ukuthi kungani ehambe yedwa?
- ★ Vumela izingane zakho ukuthi zikhumbule imigubho eziyithokozele. Zikhuthaze ukuthi zidwebe isithombe somunye wale migubho bese zibhala imisho noma izigatshana ezimbalwa ezizohambisana nezithombe zazo. (Siza izingane ezincane ngalokho ezikubhalayo ngokuzivumela ukuthi zikutshale lokho ezingathanda ukuthi ukubhale, bese uzibhalela khona. Njalo nje zifundele lokho okubhalile ukuze zikutshale ukuthi ngabe yilokho ebezikufuna yini!)

### Izinambuzane

Le ncwajana ingenisa izingane ezincane kakhulu olwazini lwezinzambuzane ezahlukene. Ungayisebenzisa futhi nasezinganeni ezindadlana ngokuzivumela ukuthi ziqale ziyifunde ngolimi lwazo lwasekhaya bese ziyifunda ngolunye ulimi lwesithasiselo. Zingayifundela nezingane ezincane ezizaziyo.

- ★ Ngesikhathi nifunda incwadi ndawonye:
  - ☀ xoxani ngemibala yezinzambuzane ezahlukene.
  - ☀ vumela izingane zakho ukuthi zilingise ngeminwe indlela ezihamba ngayo izinzambuzane ezahlukene.
  - ☀ xoxani ngemisindo eyenziwa yizinzambuzane ezahlukene.
  - ☀ zivumele ukuthi zithole ziphinde zibize ngegama isinzambuzane ngasinye ekhasini lesi-6 ukuya kwelesi-7.
- ★ Vumela izingane zakho ukuthi zisebenzise izintwana ezingasasebenzi (ezifana nezivalo ezincane zamabhodlela, amakhathoni amaqanda, izicucu zendwangu, iwuli) kanye nopende, iphepha neglu, ukuze zenze esinye sezinzambuzane ezikhona encwadini. (Khumbula ukuthi akudingeki ukuthi size sibukeke sifana ncmishi nezilwane ezisencwadini – khuthaza izingane zakho ukuthi zisebenzise imicabango yazo!)

### Ijezi likaKoketso alithanda kakhulu

Kule ndaba, ijezi likaKoketso elihle liyancipha ezingutsheni eziwashwayo bese liba lincane kakhulu kuye. Uphatheka kabuhlungu kuze kube ingesikhathi uMalume uKoos eqhamuka nesu elihle bese uKoketso ethola ukuthi ijezi lakhe elinciphile lingaphinde lisebenziseke futhi. Le indaba enhle ukuthi ingafundwa noma ixoxwe kabusha.

- ★ Yengeza eminye imisindo kanye neminyakazo ngesikhathi ufunda noma uxoxa indaba. Isibonelo, umsindo wokuphephetha komoya, kanye noKoketso ezibamba ngezingalo zakhe futhi egxumagxuma eya phezulu naphansi ukuze azigcine efudumele.
- ★ Cela izingane zakho ukuthi zilingise buthule uGogo ngenkathi ewasha izingubo ezigabeni ezintathu zokuqala zendaba ngesikhathi kukhona umuntu ofunda amagama ngokunensa.
- ★ Khuthaza izingane ukuthi zidwebe isithombe esikhombisa uKoketso edla isidlo sasekuseni ngemva kokuphela kwendaba, noma isithombe sengxenye yendaba eziyithandle. Phakamisa ukuthi zengeze ibhamuza lenkulumbo lomlingiswa ngamunye esithombeni sazo nokuthi zingabhala amagama ashiwo abalingiswa.


### Create TWO cut-out-and-keep books

#### Bugs

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

#### Searching for the spirit of spring

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikiphe bese uzigcina!

#### Izinambuzane

1. Khipha ikhasi le-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.

#### Ukuthungatha umoya wentwasahlobo

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 kanye nele-12.
2. Gcina ikhasi le-7 kanye nele-8 phakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Asonge abe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.

UNkanyezi wahamba usuku lonke, edabula kudukathole wehlathi elinczihlaha ezinkulu. Lapho isibhakabhaka sesimnyama kakhulu ukuthi angabona, wezwa umsinde wokukhala kwezigubhu. Washesha ebabale ngalapho kwakukhala khona izigubhu, ezwa umuzwa wokugida uFika ezinyaweni zakhe ezikhathale.

Nkanyezi walked all day, through a vast forest of giant trees. As the sky became too dark for her to see, she heard the sound of beating drums. She hurried towards the drumming, feeling the spirit of dance coming to her tired feet.



We believe every child should own a hundred books by the age of five.

Become a book-sponsor and help change the world.

Get involved at [bookdash.org](http://bookdash.org)



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



## Searching for the spirit of spring

## Ukuthungatha umoya wentwasahlobo

Mosa Mahlaba  
Selina Morulane  
Sibusiso Mkhwanazi





UNkanyezi wazithole esemzini wakwaBhubesi. Abantu babehleli bezungeze umlilo, beshaya izigubhu futhi becula. Wayengakaze ezwe umculo omnandi kangaka. Waxoxela abantu abadala basemzini ngohambo lwakhe lokubuyisela ebanwini bangakubo umoya wokugubha okuthile. AbakwaBhubesi bamcela ukuthi aphumule bese ehala nabo ngalobo busuku.

Nkanyezi found herself in the village of the Bhubesi. People were sitting around a fire, drumming and singing. She had never before heard such wonderful music. She told the village elders about her journey to bring back the spirit of celebration to her people. The Bhubesi invited her to rest and stay the night.



The winter cold had passed. Spring was coming to the village of Ndlovu. Soon the villagers would gather to celebrate the new season. Nkanyezi looked forward to the Spring festival more than any other day in the year.

Sekuphelile ukubanda kwasebusika. Kwase kuzoba yiNtwasahlobo emzini wakwaNdlovu. Umuzi wawusuzohlangana ukuze ugubhe isikhathi sonyaka esisha. UNkanyezi wayelangazelela umkhosi weNtwasahlobo ukudlula nanoma iluphi usuku onyakeni.



Ngenxa yokuba nesandla esiphanayo kwabanye kanye nesibindi sikaNkanyezi, abantu basemzini baphinda futhi bathola umbala, umculo, nokugida nokudla okumnandi ezimpilweni zabo. Ngakho-ke kwabuyiselwa umoya wokugubha emzini wakwaNdlovu.



Kwathi lapho sekuhwa, uNkanyezi wafikela emzini onamaphethini kanye nembala angakaze ayibone phambini. Wabaxoxela abantu abadala basemzini ngohambo lwakhe lokubuyisela ebandwini bangakubo umoya wokugubha umkhosi. Uina walesi sizwe wanikeza uNkanyezi isipho wase ethi kuye, "Sikunika lo pende ngothando ukuze uyobuyisela umbala emzini ongasenambala." uNkanyezi wabonga abantu abadala wase efaka upende esikhwameni sakhe. Kusempundozankomo ngakusasa ekuseni wathatha uhambo lwakhe futhi, ethokoziile ngalesi siphho sombala.

As night was closing in, Nkanyezi arrived at a village of patterns and colours like she had never seen before. She told the village elders about her journey to bring back the spirit of celebration to her people. The mother of this tribe gave Nkanyezi a gift and said to her, "With love we give to you this paint to restore colour to a village that has gone dull." Nkanyezi thanked the elders and put the paint in her bag. Early the next morning she went on her way again, excited with this gift of colour.



When Nkanyezi arrived home, the villagers gathered around her to hear of her adventures. She told them the tales of what she had seen, heard and eaten. Then she opened her bag to share the gifts given. The people rejoiced to receive these treasures.

Through the generosity of others and the courage of Nkanyezi, the villagers once again found colour, music and dance, and good food in their lives. And so the spirit of celebration was restored to the village of Ndlovu.

Lapho uNkanyezi efika ekhaya, abantu basemzini bamngunga ukuze bezwe ngezigameko zakhe. Wabaxoxela izindaba ngalokho akubonile, akuzwile kanye nakudlile. Wase evula isikhwama sakhe ukuze abelane nabo ngeziphho ayeziphiwe. Abantu bakujabulela ukuthola le ngebebo.



UNkanyezi wahamba usuku lonke. Wenyu ka  
egqumeni, wase ehlela esigodini. Wawela  
ngesikebhe umfula omkhulu, wase eca ca  
phakathi kwamadwala amabili acijile. Wahamba  
wanqamula ithafa waze wayofika ethunzini!  
lezintaba ezibomvu.



Nkanyezi walked all day. She hiked up a hill,  
and down into a valley. She sailed across the great  
river, and climbed between sharp rocks. She  
marched across the plains until she reached the  
shadow of the red mountains.

One warm morning, Nkanyezi overheard two  
village elders talking about the festival.

“The people of Ndlovu have lost their spirit of  
celebration,” one sighed.

“How can we have a Spring festival in a village  
that has forgotten how to celebrate?” asked another.

Ngelinye ilanga ekuseni okwakufudumele,  
uNkanyezi wezwa abantu abadala ababili basemzini  
bekhuluma ngomkhosi.

“Abantu bakwaNdlovu sebelahlekelwe umoya  
wokugubha imikhosi,” kuphefumula omunye.

“Singaba nawo kanjani umkhosi weNtwasahlobo  
emzini osukhohliwe ukuthi kugujwa kanjani?”  
kubuza omunye.



The next day, the council of cooks gave her a  
secret spice blend.

“Our daughter,” they said, “with these spices,  
happy tummies are guaranteed! We give you the gift  
of good food.”

Nkanyezi thanked the council of cooks and put  
the spices in her bag. She knew she had everything  
she had been searching for. With new energy  
she started the long journey back to the village  
of Ndlovu.

Ngosuku olulandelayo, umkhandlu  
wabapheki wamnikeza ingxube yezinongo  
ezikhethekile eziyimfihlo.

“Ndodakazi yethu,” kusho bona, “ngalezi  
zithako, ziqinisekisiwe izisu ezithokozile!  
Sikunikeza isipho sokudla okumnandi.”

UNkanyezi wabonga umkhandlu wabapheki  
wase efaka izithako esikhwameni sakhe. Wayazi  
ukuthi wayesenakho konke ayekufuna.  
Ngomdlandla omusha waqala uhambo  
olude ebhekise amabombo ekhaya emzini  
wakwaNdlovu.

flitter flutter butterfly  
uvemvane olundizandizayo



busy buzzy bee  
inyosi ekhuthela



incy wincy spider  
!sicabucabu esincu



dotted spotted beetle  
!bhungane elimacashazi



We publish what we like

This is an adapted version of *Bugs*, published by Jacana Media and available in bookstores and online from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is available in isiZulu, isiXhosa, English, Afrikaans, Setswana, Sesotho, Sepedi, Siswati, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Lapha ibhalwe kabusha indaba ethi, *Izinambuzane*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, isiSotho, isiTswana, isiTsonga, isiVenda, isiPedi, isiSwati, nesiNdebele. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (South African rights only) Tel: 011 628 3200



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



# Bugs Izinambuzane



Jude Daly

creepy crawlly caterpillar  
!cimbi elimfinyozayo



slowcoach snail  
umnenke onwabuzelayo



Here they are!



Who lives here?  
Kuhlala bani la?



Hawu, nazi!

In the morning the chief called on Nkanyezi. "My child," he said, "here is a special drum. It plays a new song every time you beat it?" Nkanyezi thanked the chief and put the drum in her bag. She went on her way again, delighted with this gift of music and dance.

Ekuseni inkosi yambiza uNkanyezi. "Ngane yami," kusho yona, "nasi isigubhu esikhethekile. Sidlala iculo elisha njalo nje uma usishaya." UNkanyezi wabonga inkosi wase efaka isigubhu esikhwameni sakhe. Wahamba futhi, ejabule nalezi siphiso somculo kanye nokugida.

Abantu abadala babusisela intombazanyana uhambo eyayizoluthatha. Babuye bayinika nesikhwama ezothwala ngaso zonke izinto ezozithola. Wahamba, uNkanyezi ezizwa enovadlwana, kodwa wayefuna ukusiza umuzi wakubo.



The elders gave the young girl their blessing for the journey. They also gave her a bag to carry the things she would find. As she set out, Nkanyezi felt a bit afraid, but she wanted to help her village.



Nkanyezi was worried.  
 “How will the sun shine again unless we sing to wake it from its winter slumber?” she asked herself.  
 Then Nkanyezi thought for a long time.  
 “I must find what we have lost,” she decided.  
 “I must go in search of things that will bring back the spirit of celebration to my village.”

UNkanyezi wayekhathazekile.  
 “Lizokhazimula kanjani ianga futhi ngaphandle kokuba sicule ukuze livuke ebuithongweni balo basebusika?” ezibuza yena.  
 UNkanyezi wabce escabanga isikhathi eside.  
 “Kumele ngithole lokho okusilahlekele,”  
 kunquma yena. “Kumele ngihambe ngiyofuna lezo zinto ezizoletha umoya wokugubha emzini wakithi.”



On the third day of her journey, as Nkanyezi passed a field of fat cows, her nose started to tingle. An aroma tickled her taste buds and her mouth started to water. She followed the scent, and arrived in a village to find people standing over steaming pots of stew.  
 This village was famous for its feasts. Nkanyezi had never ever tasted such wonderful flavours. After she had eaten her fill, she told the village elders about her journey to bring back the spirit of celebration to her people.

Ngosuku lwesithathu lohambo lwakhe, ngesikhathi uNkanyezi edlula edlelweni lezinikomazi ezikhuluphela, ikhala lakhe laqala ukukitaza. Iphunga elimnandi lamenza wakhala kwaze kwacansa amathe. Walandela iphunga, waze wafika emzini wathola abantu bembe eduze kwamabhodwe esitshulu esibilayo.  
 Lo muzi wawudume ngamadili awo. UNkanyezi wayengakaze azwe izinongo ezimnandi njengalezi. Ngenxa kokudla ashaye esentwala, waxoxela abantu ebandwini bangakubo umoya wokugubha okuthile.



## The magic of reading

Our children are exposed to so much technology that we sometimes forget the importance of reading. Reading exercises the mind, keeps kids informed and, most importantly, expands their knowledge. My daughter is almost three and I'm trying hard to make sure she doesn't have access to my cellphone or any other devices that could get in the way of her enjoying the simple and valuable pleasure of reading. Every night, she asks me to read a story at bedtime. Although she has a collection of Disney books, lately we have been enjoying the Na'ibali stories in the *Living and Loving* magazine. She likes books so much that although she can't read yet, she just makes up her own story using the pictures. I really hope this habit grows with her into adulthood as it has the power to take her far in life.

Bongiwe Mbhele

## Umlingo wokufunda

Izingane zethu zivuleleke kubuchwepheshe obuningi kangokuthi ngesinye isikhathi siyakhohlwa ukubaluleka kokufunda. Ukufunda kuvocavocisa ingqondo, kugcina izingane zazi ngokwenzekayo futhi, ngaphezu kwalokho, kwandisa ulwazi lwazo. Indodakazi yami seyizoba neminyaka emithathu, kanti ngenza konke okusemandleni ami ukuthi ingakwazi ukufinyelela kumakhalekhukhwini wami noma kunoma yisiphi isisetshenziswa esingathikameza ukuthokozela kwayo okutholakala kalula kanye nobumnandi obungefaniswe bokufunda. Njalo ebusuku, ingicela ukuthi ngiyifundele indaba yangesikhathi sokulala. Noma ineqoqo lezincwadi zakwaDisney, kamuva nje besithokozela izindaba zakwaNa'ibali ezisephephabhukwini i-*Living and Loving*. Ithanda izincwadi kakhulu kangokuthi noma ingakwazi ukufunda, ivele izenzele eyayo indaba ngokusebenzisa izithombe. Ngiyethemba ukuthi lo mkhuba izokhula nawo ize abe ndala njengoba lo mkhuba unamandla okuyibeka kude empilweni.

UBongiwe Mbhele

## We love the Na'ibali supplement!

Thank you all so much for your hard work in producing these publications which the children and volunteers all thoroughly enjoy. They love cutting out and making their own books, and the fact that each time the format is slightly different and they have to read the instructions, is good too. They also love the fun activities and it's special to have something of your very own to take home. Wishing you all a blessed and fun 2016!

Di Levinsohn (Zevenfontein Educational Fund, Gauteng)

## Siyasithanda isithasiselo sakwaNa'ibali!

Sinibonga nonke ngokusebenza kwenu ngokuzikhandla ekukhiqizeni ushicilelo oluthokozelwa kakhulu yizingane kanye namavolontiya. Ziyakuthanda ukusika zikhiphe izincwadi zazo, kanti kuhle futhi nakho ukuthi kude kuhlelwa ngendlela ethanda ukwehluka kwezinye, futhi kumele zide zifunda imiyalelo emisha. Ziyayithanda nemisebenzi ethokozisayo futhi kumnandi ukuba nento yakho ekhethekile oya nayo ekhaya. Sinifisela nonke unyaka wezi-2016 obusisekile nomnandi!

UDi Levinsohn (eZevenfontein Educational Fund, eGauteng)

## Dear Na'ibali... Na'ibali Othandekayo...

Write to us at: Na'ibali,  
Suite 17-201, Building 17,  
Waverley Business Park, Wyecroft Road,  
Mowbray, 7700, or  
[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org).

Sibhalele ku-Na'ibali,  
Suite 17-201, Building 17,  
Waverley Business Park, Wyecroft Road,  
Mowbray, 7700, noma  
ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org).



## Amazing resource

I have just been exploring your website – it's unbelievable! The number of resources and the dedication is amazing. I have a lecturer friend and I am going to recommend that she explores your website – she is passionate about reading. Keep up the good work.

Ntate Ramokolo

## Izinsiza ezimangazayo

Bengisanda kucubungula isizindalwazi senu – siyamangalisa! Liyamangalisa inani lezinsiza kanye nokuzinikela kwenu. Nginomngani ofundisa esikhungweni semfundo ephakeme, ngizoncoma ukuthi abheke esizindenilwazi senu – uyakuthanda ukufunda. Qhubekani nomsebenzi omuhle.

UNtate Ramokolo

## NAL'IBALI ON RADIO!

Tune in to your favourite SABC radio station and enjoy listening to children's stories! To find out the days and times that Na'ibali is on the radio, go to [www.nalibali.org/audio-downloads/](http://www.nalibali.org/audio-downloads/).



## USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela isiteshi sakho somsakazo sakwa-SABC osithandayo bese uthokozela ukulalela izindaba zezingane! Ukuze uthole izinsuku kanye nezikhathi angena ngazo emsakazweni uNa'ibali, iya ku-[www.nalibali.org/audio-downloads/](http://www.nalibali.org/audio-downloads/).

# Koketso's favourite jersey

By Patricia de Villiers ✨ Illustrations by Vian Oelofsen



Monday is always a big wash day in Granny's house. Every Monday, early in the morning, Granny takes out the big tin washtub and puts it on the table in the yard. Then she boils water in the kettle. She has to boil lots and lots of kettles to fill the washtub right up to the top.

Then Granny adds soap powder and stirs the water with a big wooden spoon until it becomes frothy and bubbly. And then she puts all the sheets and pillowcases, and the tablecloth and her own large underwear into the washtub and pushes them down under the water with her big wooden spoon and then stirs them around and around and around.

When everything is clean and rinsed, Koketso helps her granny to peg the heavy, wet washing on the clothesline.

One cold Monday morning, Koketso looked at what she was wearing.

"Mmm," she thought, "my white socks are quite clean, but my blue shoes are dirty. My pink dress is clean, but my bright stripy jersey has got this morning's breakfast all over it! Let's see – egg, tomato sauce, milk, a bit of banana and LOTS of crumbs. I love this beautiful, warm jersey of mine, but it does need a good wash!"

"Granny!" she called out. "Can I put my stripy jersey and my blue shoes into your washtub?"



Granny chuckled, "No, my angel, this is a HOT wash. You really mustn't do that!"

Koketso didn't understand. Why shouldn't she put her jersey and shoes into her granny's washtub? So, when Granny had gone to the shop to buy some potatoes and onions, Koketso ran into the yard. She took off her blue shoes and her bright stripy jersey, picked up the big wooden spoon and pushed them into the washtub with all the other washing.

Everything was very, very hot and heavy. The soap bubbles made Koketso sneeze, but eventually she managed to push her clothes down to the bottom – deep, deep, under all of the sheets and pillowcases, and the tablecloth and Granny's large underwear.

"There," she said to her jersey and shoes, "now you'll get all clean and fresh."

When Granny came home, she noticed that Koketso was wearing just a thin dress and had only socks on her feet.

"Koketso," she said, "it's a cold day. Why are you wearing those? Do you want to catch a cold?"

"Oh, Granny," said Koketso, waving her hand in front of her face as if it was a fan, "I'm so HOT. I'm not cold at all."

Then she skipped down the path and waved to her granny. "Bye, Granny," she said. "I'm just going to see Pinky."

"Now just you wait a minute ..." said Granny. But Koketso didn't hear her because she had already disappeared around the corner.

On her way to Pinky's house, Koketso started to feel really cold. The wind was blowing through her dress, and the road was like ice under her feet. She wrapped her arms around herself and ran all the way to her cousin's house.

"Pinky!" called Koketso jumping up and down on Pinky's doorstep. "Pinky, let me in, I'm FREEZING!"

Pinky came to the door. "Are you mad, Koketso?" she said. "Why don't you have any winter clothes on?"

Pinky's house was nice and warm.

"Come in, Koketso," said Pinky's mother, Koketso's Auntie Sarah. "You're just in time for some fresh bread and jam."

Koketso enjoyed herself so much at Pinky's house that she forgot about Granny's washing. Suddenly she remembered and jumped up off her chair.

"Oh no!" she said. "I was supposed to help my granny hang out the washing. I must go home RIGHT NOW!"

"Well, you can't go dressed like that," said Auntie Sarah. "At least put these on." And she gave Koketso a great big, brown cardigan that came down to her knees, and a pair of old slippers.

When Koketso got home her granny was waiting for her with her arms folded. She was very cross. All the washing was hanging on the line, and right at one end was a pair of dripping blue shoes and a tiny teeny little jersey just big enough for a baby.

Koketso's mouth fell open. "But," she stuttered, "but, but, but, I don't understand. That looks like my jersey, but it's not my jersey." And she felt the tears come to her eyes. "Oh, Granny," she wailed, "what's happened to my jersey? I want my old jersey back!"

Granny looked at her. "Don't say I didn't warn you, Koketso," she said. "You can't put woolly things into such hot water. They shrink if you do that. That's why your jersey is so small now."

Early the next morning when Koketso got up, she found that Granny had stuffed her blue shoes with newspaper and put them close to the heater. They were still damp and steaming, but at least they were still their normal size! Her jersey was dry and folded up on top of the pile of Granny's clean washing. But it was very, very small.

Koketso went outside in Auntie Sarah's big, brown cardigan and slippers to sit on the doorstep. She spread the little jersey on her lap. "I'm sorry, stripy jersey," she said, "you were so pretty and soft." And she cried a little bit.

"You look nice and warm in this cold weather, Koketso," said a voice. It was old Uncle Koos who was pushing his shopping trolley down the road. "I've got someone here who nearly froze last night." And old Uncle Koos opened his coat to show her that he was holding a little shivering dog.

"Oh, Uncle Koos," said Koketso, "that dog hasn't got enough hair to keep it warm. Maybe it needs a nice woolly coat."

Then she had an idea.

"It can wear my old jersey!" she said "It's much too small for me now."

The jersey fit the little dog almost perfectly.



"That's wonderful, Koketso," said Uncle Koos. "Look how pleased the little dog is. I'm going to name her after you. Now her name is Ketso."

Koketso laughed. "Ketso," she said. "I think that's a nice name for a dog!"

The little dog wriggled and licked old Uncle Koos on the nose.

"She seems to like her name too," said Uncle Koos, "and she loves her bright, stripy, woolly coat. Come on Ketso, my little dog, let's go and find some breakfast!" Uncle Koos waved to Koketso as he walked off down the street.

"Good idea," said Koketso and she went inside to find her granny, and some breakfast.

NgemiSombuluko kuhlale kuwusuku lokuwasha izingubo eziningi endlini kaGogo. Njalo ngemiSombuluko, ekuseni kakhulu, uGogo uthatha ubhavu omkhulu wokhethe bese ewubeka etafuleni elisebaleni. Ube esebilisa amanzi ngeketela. Kumele abilise amaketela amaningi amanzi ukuze akwazi ukugcwalisa ubhavu ngamanzi aze afike phezulu.

UGogo ube esethela insipho eyimpuphu, bese egovuza amanzi ngesixwembe aze abe nenkephunkephu yamagwebu. Emva kwalokho ufaka kubhavu wonke amashidi kanye nezikhwama zemicamelo, nendwangu yetafula, nephenti lakhe elikhulukazi; lezi zinto bese ezishonisa ngaphansi kwamanzi ngesixwembe sakhe esikhulu, egovuza, agovuze aphinde agovuze futhi.

Uma yonke into seyihlanzekile, iyakaziwe, uKoketso usiza uGogo ukuthi eneke ngamaphekisi izingubo ezisindayo, ezimanzi ocingweni lokweneka.

Ngelinye ilanga ekuseni ngoMsombuluko obandayo, uKoketso wabuka lokho ayekugqokile.

“Mmm,” kucabanga yena, “amasokisi ami amhlophe ahlanzeke kakhulu, kodwa izicathulo zami zingcolile. Ingubo yami ephinki ihlanzekile, kodwa ijezi lami elinemishwa ligcwele lokho ebengikudla ngesidlo sasekuseni! Ake sibone – iqanda, ithomathososi, ubisi, ubhanana omncane kanye nemvuthu ENINGI. Ngiyalithanda leli jezi lami elihle, elifudumele, kodwa lidinga ukuwashisiswa!”

“Gogo!” kumemeza yena. “Ngabe ngingalifaka ijezi lami elinemishwa kanye nezicathulo zami eziluhlaza okwesibhakabhaka kubhavu wakho wokuwashela?”



UGogo wahleka, “Cha, muntuza wami, le insiza yokuwashela ESHISAYO. Akumele neze wenze lokho!”

Akazange akuzwe lokhu uKoketso. Kungani kumele angalifaki ijezi kanye nezicathulo zakhe kubhavu wokuwasha? Ngakho-ke kwathi uGogo esaye esitolo eyothenga amazambane kanye no-anyanisi, uKoketso wagijima waya ebaleni. Wakhumula izicathulo zakhe eziluhlaza okwesibhakabhaka kanye nejezi lakhe elinemishwa, wathatha isixwembe wase ezishonisa phansi kubhavu ogcwele zonke izingubo eziwashwayo.

Konke kwakushisa ngokwedlulele, futhi kusinda. Igwebu lensipho lenza uKoketso wathimula, kodwa ekugcineni wakwazi ukushonisa phansi izingubo zakhe – zashona ngaphansi ngempela, ngaphansi kwawo wonke amashidi nezikhwama zemicamelo, nendwangu yetafula nephenti likaGogo elikhulukazi.

“Nazo-ke,” kusho yena ejezini kanye nasezicathulweni zakhe, “manje senizohlanzeka nibuye ninuke kahle.”

Lapho uGogo ebuya ekhaya, waqaphela ukuthi uKoketso wayegqoke ingubo elula kanye namasokisi ezinyaweni zakhe.

“Koketso,” kusho yena, “kuyabanda. Kungani ugqoke kanjalo? Ngabe ufuna ukuphathwa umkhuhlane?”

“Hawu, Gogo,” kusho uKoketso, ethathaza ngesandla sakhe phambi kobuso bakhe sengathi siyisiphephezelo “ngaze NGAFA UKUSHSA bo. Angigodoli nhlobo.”

Wangqabashiya wehla ngendlela yezinyawo wase evalelisa kugogo wakhe. “Usale kahle, Gogo,” kusho yena. “Ngisayobona uPinky.”

“Ake ume kancane ...” kusho uGogo. Kodwa uKoketso akazange amuzwe ngoba wayesevele ejike ekhoni.

Endleleni eya kubo kaPinky, uKoketso waqala ukugodola kakhulu. Umoya wawuphephetha ingubo yakhe, futhi umgwaqo wawufana neqhwa phansi kwezinyawo zakhe. Wazibamba ngezingalo zakhe izingubo wase egijima waze wayongena kubo kamzala wakhe.

“Pinky!” kumemeza uKoketso egxumagxuma phambi komnyango wakubo kaPinky. “Pinky, ngicela ungivulele, NGIYAYA AMAKHAZA!”

UPinky weza emnyango. “Ngabe uyahlanya yini, Koketso?” kusho yena. “Kungani ungagqokanga izingubo zasebusika?”

Kwakumnandi futhi kufudumele kubo kaPinky.

“Ngena, Koketso,” kusho umama kaPinky, u-Anti kaKoketso, uSarah. “Ufike sesizodla isinkwa esisha esigcotshwe ujamu.”

UKoketso waba nesikhathi esimnandi kakhulu kubo kaPinky waze wakhohlwa nangezingubo eziwashwa uGogo. Kusenjalo wakhumbula wase egxuma ehla esihlalweni.

“Mamo!” kusho yena. “Bekumele ngisize ugogo wami ngokweneka izingubo. Kumele ngiye ekhaya NJENGAMANJE!”

“Empeleni, angeke uhambe ugqoke kanjalo,” kusho u-Anti Sarah. “Okungenani gqoka lokhu.” Wase enika uKoketso ijezi elikhulu, elinsundu elalifika emadolweni akhe, kanye nephaya lamasiphazi amadala.

Lapho uKoketso efika ekhaya, wathola ugogo wakhe emlindile esonge izandla. Wayethukuthele egane unwabu. Zonke izingubo zazenekwe ocingweni, kanti ekugcineni kwakukhona izicathulo eziluhlaza okwesibhakabhaka ezimbili eziconsa amanzi kanye nejezi elincane kakhulu kangangokuthi lalingalingana umntwana.

Wavele wakhamisa nje uKoketso. “Kodwa,” kungingiza yena, “kodwa, kodwa, kodwa, angiqondi manje. Leli libukeka njengejezi lami.” Wezwa kushisa izinyembezi emehlweni akhe. “Hawu, kodwa Gogo,” kukhala yena, “kwenzekeni ejezini lami? Ngifuna ijezi lami elidala!”

UGogo wambuka. “Ungalokothi uthi angikuxwayisanga, Koketso,” kusho yena. “Awukwazi ukufaka izinto zewuli emanzini ashisa kangaka. Ziyancipha uma wenzenjalo. Yingakho ijezi lakho lilincane kangaka nje manje.”

UKoketso wavuka ekuseni kakhulu ngakusasa, wathola ukuthi uGogo ubeseshutheke amasiphazi akhe ephaphandabeni, wawabeka eduze nehitha. Ayesevani futhi ethunya, kodwa okungenani ayesenobukhulu obufanayo nobakuqala! Ijezi lakhe lalomile futhi lisongwe labekwa phezu kwezinyubo zikaGogo ezihlanzekile. Kodwa lase lilincane kakhulu.

UKoketso waphumela phandle egqoke ijezi lika-Anti Sarah elikhulu, elinsundu kanye namasiphazi, wayohlala phambi komnyango. Welula ijezi elincane phezu kwamathanga akhe. “Ngiyaxolisa, jezi elinemishwa,” kusho yena, “ubumhule futhi uthambile.” Wase echiphiza kancane.

“Ubukeka umhule futhi ufudumele kula makhaza, Koketso,” kusho izwi. Kwakuyimambana enguMalume uKooos, owayeqhuba inqola yakhe yezinto ezithengiwe ehla ngomgwaqo. “Kukhona ocishe wabulawa amakhaza izolo.” UMalume uKooos wase evula ijazi emkhombisainja encane eqhaqhazelayo.

“Kodwa, Malume Kooos,” kusho uKoketso, “leyo nja ayinaboya obanele ukuyigcina ifudumele. Mhlawumbe idinga ijazi elihle lewuli.”

Wavela neqhinga lapho.

“Ingagqoka ijezi lami elidala!” kusho yena “Selilincane kakhulu kimina manje.”

Ijezi elincane lacishe layilingana kahleinja.



“Kwakhule lokho, Koketso,” kusho uMalume Kooos. “awubheke nje ukuthi ijabule kanjaniinja encane. Ngizoyiqamba ngawe. Igama layo sekunguKetso.”

UKoketso wahleka. “Ketso,” kusho yena. “Ngicabanga ukuthi igama elihle lelo enjeni!”

Inja encane yatshikiza yase ikhatha imambana enguMalume Kooos ekhaleni.

“Kubukeka sengathi naye uyalithanda igama lakhe,” kusho uMalume uKooos, “futhi uyalithanda ijazi lakhe eligqamile, elinemishwa lewuli. Masihambe Ketso, nja yami encane, ake sihambe siyozitholela isidlo sasekuseni!” UMalume Kooos wathathazela uKoketso ngesikhathi ehla ngomgwaqo.


“Icebo elihle lelo,” kusho uKoketso, wase engena ngaphakathi wathola ugogo wakhe, kanye nesidlo sasekuseni.

# Nal'ibali fun

## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1. Find the bug that is the odd one out in each row.  
Thola isinambuzane esingafani nezinye emugqeni ngamunye.



2. Which little picture of Bella and her mom reading, is exactly the same as the big picture?  
Yisiphi isithombe sikaBella nonina befunda, esifana ncmishi nesithombe esikhulu?



3. How many new words can you make from the word "favourite"?  
Mangaki amagama amasha ongawenza ngamagama athi "alithanda kakhulu"?



Answers: (1) third snail, second bee, fourth ladybird (2) b (3) Examples: favour, tear, tore, vet, for, fur, fit, fat, fier, four, route  
Izimpendulo: (1) umnenke emngqeni wesithathu, inyosi emngqeni wesibili, bhungezi elimachashazi emngqeni wesine (2) b (3) Izibonelo: thanda, khulula, thaka, landa, lala, dala, khulula, khuthala, ndala, linda, khana, thana

Running out of story ideas?  
Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) for articles and ideas to encourage a love of reading in your child, and to help keep them hooked!



Ngabe uphelelwa imiqondo yezindaba?  
Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) ukuze uthole okubhaliwe kanye nemiqondo ezokhuthaza uthando lokufunda enganeni yakho, futhi kuyisize ukuthi igxile kukho!